



Main Street  
Creighton, 3263

P.O Box 62

Creighton 3263

Phone: +27 39 833 1038

Fax: +27 39 833 1179

Email: mailbox@ndz.gov.za

[www.ndz.gov.za](http://www.ndz.gov.za)

**A Better Place for All**

## **ISAZISO ESIMEMA UMPHAKATHI UKUBA UZOHLOLA UHLU LWEZILINGANISOMANANI (GENERAL VALUATION ROLL) NOKUFAKA ISICELO SOKUPHIKISA**

Kwasizwa umphakathi, ngokwesigaba 49(1)(a)(i) sifundwa ndawonye nesigaba 78(2) soMthetho woHulumeni Basemakhaya: uMthetho Wentela yoBuninimhlaba kaMasipala ka2004, (Umthetho ongunombolo 6 ka-2004), obuye ubizwe ngokuthi uMthetho, ukuthi uhlu lwezilinganisomanani lonyaka wezimali 01 July 2022 kuya ku 30 June 2027 selivulelekile ukuthi umphakathi uluhlola emahhovisi kamasipala Dr Nkosazana Dlamini Zuma kusukela zingu 21 February 2022 kuya ku 21 April 2022. Ngaphezu kwalokho luyatholakala nakulezizindawo ezilandelayo:

- **Main Municipal offices in Creighton and Himeville**
- **Library at Bulwer**
- **Library at Creighton**
- **Library at Underberg**

Isimemo senziwe, ngokwesigaba 49(1)(a)(ii) soMthetho, noma ngubani ongumnikazi wendlu noma omunye nje-ke umuntu onesifiso sokuba afake isicelo sokuphikisa emenenjeni kamasipala kanoma yikuphi okusohlwini lwezilinganisomanani elinenezelayo noma okusalile, phakathi kwesikhathi esibekwe ngenhla.

Umphakathi uyaxwayiswa ukuthi ngokwesigaba 50(2) soMthetho ukuphikisa kumele kuqondane ngqo naleyondlu ofisa ukuphikisa ngayo kodwa kungabi ngohlu lwezilinganisomanani olunenezelayo. Ifomu lokufaka isiphikiso liyatholakala kaMasipala Dr Nkosazana Dlamini Zuma Municipality (Creighton Office and Underberg Office), eBulwer Library, Creighton Library nase Underberg Library.

Amafomu asegcwalisiwe kumele abuyiselwe kuleli kheli elilandelayo P O Box 62, Creighton, 3263, **kodwa kungaba ngcono uma ungawaletha mathupha, sicela lokhu ukuze sibenesiqiniseko sokuthi uwalethile kamasipala.**

Uma ninemibuzo ningaxhumana Tanya Piper (039) 833 1038 or [pipert@ndz.gov.za](mailto:pipert@ndz.gov.za)

Mr NC Vezi

Municipal Manager

**A Better Place for All**

